



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2014

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 100

Le memorandamu inamakhasi ayisi-9.

ISIQEPHU A: INDABA**QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe, nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okuhle kakhulu	Okuhle	Okugculisayo	Okungagculisi	Okungagculisi nhlobo
OKUQUKETHWE & UHLAKA (Izimpendolo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo AMAMAKI ANGAMA-30	Izinga elingenhla	28–30	22–24	16–18	10–12	4–6
		-Impendolo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoinco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendolo yakheke kahle impela. -Imibono eshaya emhloveni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendolo eyanelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendolo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana.	-Impendolo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali kunophindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana.
	Izinga elingezansi	25–27	19–21	13–15	7–9	0–3
		-Impendolo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendolo yakheke kahle. -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendolo enelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.	-Impendolo engashayi emhloveni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho.	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene.

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (continued)

Okungabonwa ngakho		Okuhle kakhulu	Okuhle	Okugculisayo	Okungagculisi	Okungagculisi nhlobo
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi. AMAMAKI AYI-15	Izinga elingenhla	14–15 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba.	11–12 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwehloni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeki kahle kakhulu.	8–9 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe.	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe.	0–3 -Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda.
		Izinga elingezansi	13 -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba.	10 -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeki kahle.	7 -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo.	4 -Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo.
ISAKHIWO Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho. AMAMAKI AYISI-5		5 -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu.	4 -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile.	3 -Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo.	2 -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-esyi isenawo umqondo noma inamaphutha.	0–1 -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo.
UKWABIWA KWAMAMAKI		43–50	33–40	23–30	13–20	0–10

Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

'Si – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi mqondo.

ISIV. – isivumelwano esingahambisani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

☐ – ukhlanganisa amagama

/ – ukwehlukana amagama

√ - ulimi oluhle

AMAKHODI AMAMAKI

Q = 30

L = 15

SK = 05

50**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba:
 - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
 - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
 - (i) Siyisigaba esisodwa.
 - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
 - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

- 1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Isib. Iqola umuntu othembekile kodwa ebe enza into engathembekile. Makaveze izigameko ezingezinhle ezenziwa yileli qola emphakathini isib. Ukuthembisa abantu imisebenzi abagcina bengayitholanga, ukuthathwa kwezimali zabantu zigcina zingasabuyanga njll.
- 1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yesaga. Makaveze izigameko ezifakazela lesi saga isib. Umuntu uveza izimpawu zobuholi esemusha/esemncane, ubuqhawe, ukuxazulula izinkinga, ukuhlanganisa abantu njll.
- 1.3 Ohlolwayo makagagule izenzo ezingefani ezenziwa umuntu uma eqeda ukuthola lezi zindaba. Ezinye izenzo zingatshengisa ukwamukela isimo noma ukungasamukeli isimo. Isibonelo: uma emukela isimo: Ukuhamba izinhlangano ezinikana ithemba. Isibonelo uma engamukeli isimo: Ukuphila impilo ebudedengu, ukulahlekelwa ithemba. Nokunye okuyohambisana nesihloko.
- 1.4 Ohlolwayo makabonakale ethinta zombili izinhlangothi ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni akhethe uhlangothi ahambisana nalo. . Ubusi: Ukuzibulala kwabafundi, Ukujabula kwezitha nezihlobo, budala inzondo, ngenxa yengcindezi angagcina engena edidakamizweni Ubuhle: Ukubonakalisa ukuzikhandla kwabafundi ngoba befuna igama labo livele ephepheni, indlela yokuzibeka emathubeni angcono ukuba ubonwe osomabhizinisi uma uphumelele kahle, ukugqugquzela othisha nabafundi ukubambisana ukuze imiphumela yesikole ibe mihle. njll.)
- 1.5 Ohlolwayo makakhethe uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukuvumelana noma ukuphikisana nalesi sihloko:
Ukuvumelana: Ohlolwayo makaveze izibonelo zabantu ababehlupheka kodwa asebeiphila kangcono.
Ukuphikisana: Ohlolwayo makaveze izibonelo zabantu abakhula behlupheka abasahlupheka namanje, impilo yabo engazange iguquke.
- 1.6.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Usufikile Lowo Mzuzu! (Ukuzilungiselela ukuhlolwa, imizwa obanayo uma ubhala umatikuletsheni nezifiso oba nazo ngekusasa lakho, njll.) **Qaphela Indaba mayibe nokufunda noma isivivinyo.**
- 1.6.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Angikhohliwe Lapho Ngisuka Khona (Ukungakhohlwa yimvelaphi yakho(**umlando wami/ubuzwe noma lapho umuntu esuke khona** kanye nokuthuthuka kumazinga ahlukeni empilo njengemfundo nezamabhizinisi/ezepolitiki njll.) Okunye: **umuntu ongabuye anikele emphakathini/emndenini ongakhohliwe yilapho ephuma khona. Qaphela: Makuvele ukuthuthuka nokuzethemba.**
- 1.6.3 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Ukuthuthukiswa Kwamathalente Entsheni/Ukuthuthukiswa Komculo (Ukuhlangana kwezinhlanga ezahlukeni zihlanganiswa umculo, ubumbano olulethwa umculo kubantu abadala nabancane njll.) **Esinye sezihloko: Ungaphila Ngomculo, Umncintiswano womculo oxube izinhlanga. Qaphela: Makuqhakanjiswe amandla omculo. Qaphela: Umfundi makahumushe akubona esithombeni.**

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Okungabonwa ngakho	Okuhle kakhulu	Okuhle	Okugculisayo	Okungagculisi	Okungagculisi nhlobo
OKUQUKETHWE, UHLAKA & NEFOMATHI Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube nohlaka Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo. AMAMAKI AYI-15	13–15 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile.	10–12 -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Kunamathele esihlokweni -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana.	7–9 -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala - Ukunamathele kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa.	4–6 -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala - Ayinamathele kahle e-sihlokweni – inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile.	0–3 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi.
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi. AMAMAKI AYI-10	9–10 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo.	7–8 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha.	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo.	3–4 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeleki kahle.	0–2 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu.
UKWABIWA KWAMAMAKI	22–25	17–20	12–15	7–10	0–5

Amamaki azocazwa ngale ndlela:

OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (15)
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)

OKULINDELEKILE**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib.(20 kuMbaso 2014/20 Novemba 2014)
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Babekazi/MaNngcolosi
- Isigaba sokuqala ungaqalisa kanje: Ngiyathemba ..., Ngiyaxolisa ..., Ngabonga ...
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi.
- Isigaba sesithathu ukuphetha incwadi.
- Ohlolwayo makasebenzise ulimi lokuhlonipha/irejista efanele.
- Valelisa ukhombise ukumazi lowo ombhalelwayo. Isib. Yimina indodakazi yakho/indodana yakho uSiyamthanda

2.2 INCWADI YEPHEPHANDABA

- Ikheli lobhalayo elinosuku.
- Ikheli lephephandaba elikhombisa igama lephephandaba kanye nesikhundla sobhalelwayo, Isib. Mhleli.
- Ukubingelela umhleli, Isib. Mnu/Nkk/Nksz.
- Isihloko sengqikithi obhala ngayo: Incwadi Yokubonga.
- Isingeniso: ukuzethula (makuvele ukuthi ungubani nesizathu esenza ukuba abhale) kanye nokwethula ingqikithi yodaba
- Umzimba wencwadi: ukuhlala odabeni.
- Isiphetho: ukuphetha ngesizotha. Isib. Sengathi okwenze kimina ungakwenza nakwabanye.
- Valelisa. Isib. Yimina ozithobayo uNqobile Zuma (Nkk./Nksz.)

2.3 I-ATHIKILI YEPHEPHABHUKU

- Isihloko: Ukubaluleka kokukhetha umkhakha ohambisana nekhono lakho ezikhungweni zemfundo ephakeme. Isib. Makube nesihloko - Abafundi bangabhala ngosonhlamvukazi noma ngendlela ejwayelekile kodwa uhlamvu lokuqala makube usonhlamvukazi.
- Igama lobhalile lingaba sekuqaleni noma ekugcineni kwe-athikili. Isib. Ibhale ngu...

- Isigaba ngasinye siba nengqikithi yaso ehambelana nesihloko.
- Uhlaka ozobhala ngalo ngokwezigaba:
 - isigaba sokuqala- kumele ulazi ikhono onalo nohlobo lomsebenzi owufisayo.
 - isigaba sesibili- ucwaningo lwemikhakha ofisa ukuwufundela emanyuvesi ahlukenene.
 - isigaba sesithathu- ucwaningo kubantu abawenzayo lo msebenzi ukuze abone ubuhle bawo.
 - isigaba sesine- amathuba okuthola umsebenzi angakanani?
 - isigaba sesihlanu - okuyisigaba sokugcina- sisonga ngokugqugquzela ukuzimisela nokusebenza kanzima emkhakheni awukhethile.

2.4 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

- Isihloko: Makuvele lokhu: Inkulumo yethulwa ubani, uhlobo lomcimbi, usuku.
- Ubonga ithuba abingelele izethameli ngezikhundla zazo.
- Ungenisa inkulumo yakhe anamathele engqikithini azoyixoxa.
- Emzimbeni uyamncoma umngani wakhe aveze okumenze wahlabana ngalo mfundaze.
- Angayiphetha ngokumnikeza izeluleko zokuziphatha kahle nokuzimisela ezifundweni zakhe.
- Angavalelisa ngokubonga ithuba lokuba yisikhulumi.

2.5 **I-INTHAVYU**

- Isihloko isib. I-inthavyu Phakathi Kwentatheli Yephephandaba 'Ziphuma Zishisa' Kanye Nosaziwayo.
- Mayibhalwe imise okwenkulumo-mpendulwano. Isib. Intatheli: USibongiseni:
 - Obuzayo, imibuzo iba mifushane kanti ophendulayo ulindeke ukuba aphenzule ngokugcwele.
 - Izimpawu zokuloba zibalulekile.
 - Imizwa yokhulumayo mayivezwe inkulumo yakhe.

2.6 **UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

- Isihloko: Umbiko Omayelana Nokulwa Kwabafundi Ngesikhathi Senhlabakhefu.
- Isingeniso: Umbiko omayelana nokulwa kwabafundi wethulelwa uthishanhloko.
- Ohlolwayo makabhale amaphuzu ngokulandelana kwezigameko zalokho akubonile okumayelana nokulwa kwalaba bafundi. (Obani? Kungani? Nini? Yini? Kanjani?)

- Ohlolwayo makaqaphele uhlobo lwerejista alusebenzisayo, inkathi edlule, amabizo ajwayelekile, abe umuntu wesithathu, anikeze incazelo ngokuphelele kanye namagama nemishwana okufanelene nesimo akhuluma ngaso.
- Ukuphetha: Ohlolwayo makaveze isexwayiso noma isiphakamiso. Isib. Bangingi abafundi abathola ukusatshiswa kanye nokuhlukunyezwa/ukucwaswa ezikoleni okuholela ezimpini ezenzeka emagcekeni esikole. (nokunye okuyovezwa abafundi)
- Ihlelwe ngu: uZ. Mncwango
(ukusayina)
23 Novemba 2014
(Umfundi webanga le-11)